

# *YIKUPHUMA KWE LANGA*

 Asikhothamiseni amakhanda ethu. Nkosi, lapho sibuthana lapha lokhu kusa okuhle kwePhasika, ukubona amahlumela amancinyane elwisa indlela yawo ukuphuma, inyosi ziphapha phakathi, futhi zithola isabelo sazo, inyoni zihlabela sengathi inhliziyo zazo zingadubuka ngentokozo, ngoba kulePhasika. Siyakholwa ukuthi Wavusa uJesu kwabafileyo, iminyaka eminengi edluleyo, lamuhla, futhi siyagubha lolusuku lwesikhumbuzo.

<sup>2</sup> Futhi makubuye iPhasika phakathi kwethu sonke, lamuhla. Makuthi thina, njengenceku Zakhe, sizwisise iLizwi Lakhe, ukuthi sasisebudlewaneni Bakhe lesosikhathi, lokuthi manje sivuke kanye Laye futhi sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini.

<sup>3</sup> Busisa inkonzo lapha ethabhanekeli, lasemazweni wonke lapho eya khona, ngalifoni.

<sup>4</sup> Silisa bonke abagulayo labahluphekileyo. Makube yiPhasika kibo, njalo, lokuphuma emkhuhlaneni kusiya emandleni. Futhi lalabo abafileyo esonweni lesiphambekweni, mabaphile lamuhla ngoKhristu. Futhi sizakukudumisa Wena, ngoba siyakucela eBizweni Lakhe. Ameni.

<sup>5</sup> Ngeqiniso sibili ngithi lokhu kulithuba elimangalisayo, lokhu kusa ukuphenduka lapha eJeffersonville, Indiana, laleli ibandla elikhulu, ibandla ligcwele futhi limile, lasemaceleli langaphandle, lalapho okupaka khona imota landawo zonke. Lakini bantu emafonini kudabula ilizwe, kuyikusa okuhle lapha.

<sup>6</sup> Ngelesihlanu nta lokhu kusa, umngane wami omncinyane olesifuba esibomvu uphaphele phezu kwefasitela futhi wangivusa. Bekungathi inhliziyo yakhe encinyane ingadubuka, esithi, “Uvukile.” Ngihlezi ngicabanga ngalinyoni encinyane injengomngane kimi, ngoba ngiyamthanda.

<sup>7</sup> Njengenganekwane ngaye isithi, “Inyoni encinyane ensundu yaMbona ehlupheka esiphambanweni, lapho isono esasiMbeke khona.” Yebo sibili, inyoni encinyane yayingela sono. Waye ngadingi ukufela inyoni encinyane. “Kodwa waphaphela esiphambanweni futhi wazama ukudonsa izipikili ezikhupha, ngomlomo wakhe omncinyane, futhi isifuba sakhe sababomvu.” Futhi yiyo indlela engifuna ngayo esami, lami, njengehawu, elokuzama ukuvikela liNto eyinkazimulo Ayifelayo.

<sup>8</sup> Nginanjelela ukuthi isikhathi sethu silinganisiwe lapha, ikakhulu kubangane labo abalalele ngefonni, Ngithanda ukubizela ukulalela kwenu lokhu kusa e—emfanekisweni

lowo kwesinye isikhathi esedluleyo wathathwa ngekhamera, wombono engangilawo lapha ethabhanekeli, wokusuka eIndiana, ngisiya eArizona; lapho engangizahlangana khona, ngesimo sephiramidi, iNgilosи eziyisikhombissa. Ngingazi okwakuzakwenzakala ngesikhathi esilandelayo, lapho sengifikile lapho, ngicabanga ukuthi kwakuyikuphela kwempilo yami, ukuthi akulamuntu owayengamela ukudubuka; futhi ngileqiniso lonke liyayazi lindaba. Futhi-ke eSabino Canyon, okunye ukusa njengalokhu, lapho ngisemkhulekweni, kwakulenkemba eyabekwa esandleni sami, futhi kwathiwa, “Leli yiLizwi, futhi iNkemba yeLizwi.”

<sup>9</sup> Ngamuva, iNgilosи zabolakala njengokuba kwaprofethwa. Futhi ngaleso sikhathi esifanayo, isixuku esikhulu sokuKhanya sasuka lapho engangime khona, futhi sahamba amamayila angamatshumi amathathu phezulu emoyeni, futhi sazingeleza isigombolozi, njengempiko zeNgilosи, sadweba ezibhakabhakeni isimo sephiramidi exukwini elifanayo leNgilosи ezavelayo.

<sup>10</sup> ISayensi yathatha umfanekiso, indlela yonke kusuka eMexico, lapho kusuka enyakatho yeArizona, lapho uMoya oNgcwele owathi ngizakuba ngime khona, “amamayila angamatshumi amane enyakatho mpumalanga yaseTucson.” Futhi kwahamba emoyeni, futhi iLife magazini yathwala imifanekiso, “Into eyimfihlo khonale emkhathini, lapho okwakungeke kube lobulunama khona, lapho okwakungeke kube khona umhwamuko wolutho; amamayila angamatshumi amathathu phezulu, lamamayila angamatshumi amabili lesikhombisa ukusabalala,” futhi kusiza phezulu lapho lezo Ngilosи ezazikhona.

<sup>11</sup> Manje, babuza, ukuba babekwazi. Isayensi, omunye wabo eTucson, wayefuna ukubakwazi ukuba kwakusitshoni, kodwa angizange ngibatshele. Lonke lalikwazi, kwakhulunywa kungakenzakali. Kodwa kwakungasikho okwabo; kwakungokwenu.

<sup>12</sup> Futhi-ke lapho Wakhulumu kimi, futhi wathi, “IMpawu eziyisiKhombisa zizavulwa. Imfihlakalo eziyisikhombisa, imfihlakalo ephethwe kasikhombisa yeBhayibhili, ezazivaliwe kusukela ekusekelweni komhlaba, zizakwembulwa.” Futhi thina, kukanti elithobekileyo iqembu elincinyane, liqathaniswa kanye lomhlaba wonke, sikholisile lezi izibusiso, ukuzwa lezo mfihlakalo. Umtshado, ukwahlukana, inzalo yenyoka, yonke limbuzo ehlukeneyo, iyembuliwe kithi ngokupheleleyo, hatshi ngomuntu, kodwa nguNkulunkulu, Ngokwakhe, ovule lezo mfihlakalo eziyisikhombisa; zalokho iBandla elaliyikho, ukuthi Kwakunjani kuKhristu ekuqaleni, lokuthi Kuzakwembulwa njani osukwini lokucina.

<sup>13</sup> Futhi manje, lapho lokhu kusenyuka, silomfanekiso phandle esikhwangwaneni. Kodwa, khona-ke, ngilomfanekiso obekwe

khona lapha, nxa lingananzelela, njengalokho *iLife* magazini ebilakho. Kodwa angazi uba abalaleli bami, abakhona lapha, bake bakhangela sibili emfanekisweni, bona, bona, endleleleli okufanele kube yiwo.

<sup>14</sup> Liyakhumbula, ngangitshumayela lapho lumbono usiza, phezu kwesifundo seBhuku likaSambulo, lapho abahluleli abadala, lapho esibone khona uJesu kuSambulo 1. Lapho siqalisa ukuvula iMpawu eziyisiKhombisa...kumbe i—kumbe iziKhathi zeBandla, ngingatsho, ngaphambili nje ekuvulwени kweMpawu eziyisiKhombisa. UKhristu wayeme le “nwele njengoboya bezimvu, zimhlophe.” Futhi ngakuchasisa lokho kini, ukuthi abehluleli besiNgisi basendulo, labehluleli bekadeni, lapho besiya ebhentshini, ukuyafungiswa, igunya labo elikhulu lanikezwa kibo. Babegqoka iwigi emhlophe, njengoba kwakunjalo, emakhanda abo, ukutshengisa igunya labo eliphezukonke.

<sup>15</sup> Awu, nxa ungatshibilikisa umfanekiso njengalokhu futhi ukhangele, ungakubona mhlawumbe kuvela kumbuthano, nguKhristu. Bona amehlo Akhe ekhangele *lapha*, kuphelele njengokungaba yikho; egqoke iwigi emhlophe yobuNkulunkulu obuKhulu loMahluleli wamazulu wonke lomhlaba. Liyawabona amehlo Akhe, amakhala, umlomo Wakhe? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Tshibilikisa nje umfanekiso kusuka *kulokhu*, indlela ababelawo; *lindlela*, indlela okumele ube ngayo. Futhi wena... Liyakubona na? [“Ameni.”] UngoMahluleli oMkhulu. Akula omunye kodwa Yena. Futhi lokho yikutshengiswa okupheleleyo njalo, isiqiniseko sokuthi luMbiko uliQiniso. Leli liQiniso. Kuliqiniso. Futhi singaMenzi uMuntu wesithathu, kodwa onguye uMuntu kuphela!

<sup>16</sup> Kanye lokumhlophe, bona, liyabona okumnyama, ubuso Bakhe, indevu Zakhe, lamehlo Akhe. Futhi nanzeelani, Ukhangele...Kusuka Kuye kubuya ukuKhanya lokhu kukhanya ehlangothini lwesandla sokunene, kulokho Akhangele khona. Futhi esiphambanweni, yikho lapho Akhangela khona, kwesokunene, lapho Athethelela khona isoni. EkuKhanyeni kokuvuka Kwakhe, silokhu siqhubeka ngeBizo Lakhe.

<sup>17</sup> Ngifisa, lokhu kusa, ukuthi ngabe ngilesikhathi esinengi soku—sokusebenzisa phezu kwalesisimanga esingaphezu kwaloba yiliphi ithunzi lokuthandabuza, kufakazelwe okweminyaka engamatshumi amathathu edluleyo, kumbe amatshumi amathathu lanhlanu, khona lapha kulelibandla; kusukela phansi emfuleni, lapho lokho kuKhanya okufanayo kwehla phansi lapha eJeffersonville, ngo 1933, futhi wakhulumu lawo mazwi, “Njengo Johane uMbaphathizi wathunywa ukwandulela ukuza kokuqala kukaKhristu, uMbiko wakho uzandulela okwesibili.” Sisesikhathini sokucina, futhi siyakubona. Siyamangala kwezinye izikhathi kungani

kungakasabalali emhlabeni; mhlawumbe kwesinye isikhathi sizakuba lethuba lokuchasisa lokho, nxa uNkulunkulu ethanda.

<sup>18</sup> Manje ngifuna ukuthi livule e—emaBhayibhilini enu, njengoba sihlala sikholwa ukuthi iLizwi kumele libuye kuqala, ukubalwa kweLizwi. Ngihlala ngikubala Lokho, ngoba Ku... Amazwi ami yilizwi lomuntu, lizakwehluleka; kodwa iLizwi likaNkulunkulu alisoze lehluleke.

<sup>19</sup> Manje sizaku—sizakubala eMibhalweni eNgcwele, isifundo. Futhi sifuna livule, kuqala, endaweni ezintathu eBhayibhilini, engikhethethe ukubala kuzo. Enye yazo ikuSambulo, isahluko 1, lendima 17 lo 18; yikho lapho Abonakala khona le “Nwele Zakhe ezimhlopho njengoboya bezimvu; lenyawo Zakhe zazinjengethusi.” Futhi-ke ngifuna libambe njalo, emaBhayibhilini enu, abaseRoma 8:11. Ngikhethile, lokhu kusa, indawo ezintathu zokubala, eMibhalweni eNgcwele, okoMbiko wami lamuhla, lowo iNkosi ewubeke phezu kwenhliziyo yami ngovuko. Futhi-ke ngifuna ukuthi, njalo, uMakho 16:1 lo 2. Lapho ngizakuthatha indikimba yami—yami.

<sup>20</sup> Manje kuSambulo 1:18, siyabala laMazwi, 17 lo 18.

*Futhi lapho ngimbona, ngawela enyaweni zakhe njengofileyo. Futhi wabeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, esithi kimi, Un gesabi; ngoba ngingowokuqala lowokucina*

*Nginguye lowo ophilayo, futhi ngangifile; futhi, khangelia, ngiyaphila kuze kubo nini lanini, Ameni; futhi ngilezihluthulelo zokufa lesihogo.*

<sup>21</sup> Futhi kwabaseRoma isahluko 8 lendima 11, sibala lokhu.

*Kodwa uba uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo uhlala kini, yena owavusa uKhristu kwabafileyo uzakuphilisa lemizimba yenu efayo ngoMoya wakhe ohlala kini.*

<sup>22</sup> Futhi manje kuMakho isahluko 16, isahluko sovuko, isahluko 16, indima 1 lo 2.

*Futhi lapho isabatha selidlulile, uMariya Magadalena, umama...loMariya unina kaJakhobe, loSalome, bathenga amakha, ukuze bahambe bayemgcba.*

*Futhi ekuseni kakhulu ngosuku lokuqala lweviki, beza engcwabeni, ekuphumeni kwelanga.*

<sup>23</sup> Manje, isifundo sami kulokhukusa, ngifuna ukuthatha okwesifundo: *YiKuPhuma KweLanga*. Futhi okwesifundo, ngifuna ukusebzisa, “Amandla aphilisayo.”

<sup>24</sup> Manje, liyazi, mhlawumbe belisizwa umsakazo labatshumayeli abehlukeneyo behkulum. Futhi uMfowethu Neville ohloniphekayo lokhu kusa ekskuluma isifundo sakhe sePhasika, ngokuvuka. Futhi ngacabanga mhlawumbe

ngizakuthatha i—indlela etshiyeneyo kancinyane, hatshi ukuba ngahlukane, kodwa nje ukungezelela okunye okuncinyane, mhlawumbe kwelinye iclele, ngisenzela lina. IMibhalo, lonke iclele ohamba ngalo ngeMibhalo, Kuhlala kubonakalisa uJesu Khristu. Awungeke ukubalekele, loba ngayiphi indlela. Kuhlezi kuMbonakalisa.

<sup>25</sup> Manje, njengomhlaba lamuhla e—enkonzweni yesikhumbuzo, kumbe, phose, eUnited States laloluhlangothi lomhlaba, lokhu kusa, emabandleni lakuyonke indawo, bagubha isikhumbuzo so—sokunqoba okukhulu umuntu ake waba lakho.

<sup>26</sup> Ngiyacabanga, njengo Msindisi lapho Esifa, kumbe njengosane lapho Ezalwa, Wayengeke abelapha ngaphandle kokubuya emhlaben. Futhi lapho Esifa, ngeqiniso Wahlawulela isono sethu. Kodwa, kukanti, kwakulezingane ezincinyane ezinhle ezinengi ezazalwayo, futhi kwaba labantu abanengi abahluphekayo futhi bafela imbangela eqotho, kodwa kakukaze kube khona loyedwa owayengazivusa njalo kwaze kwaba yilolusuku.

<sup>27</sup> Manje, leyo yiviki enkulu kakhulu embalini, ukugubha okukhulu kakhulu kwazo zonke izikhathi, liPhasika kulapho Afakaza lokho Ayekutshilo. Umuntu angakhulumu izinto, kodwa kukanti akusikho khona kanye okungakholwa, ngokupheleleyo, kuze kufakazelwe ukuba liQiniso. Futhi njengoNkulunkulu, Owathi, “Vivinyani izinto zonke; libambisise kulokho okuhle,” Angeke akutshele ukuthi wenze into Angasoze ayenze Ngokwakhe. Ngakho Wafakaza ukuthi wayeNgubani lo owoffela isono sethu.

<sup>28</sup> Futhi, manje, akusikho kuphela usuku lwesikhumbuzo, kuwo wonke lawa amaluba ePhasika amakhulu, lengwane zePhasika, lemivundla eyiphinki, lokunjalo, lokho esingene kikho, lokugubha okungcwele; khona kulungile, kodwa lokhu akusiyo into eqotho ngaleylo ndlela.

<sup>29</sup> Njengabantu lamuhla bezama ukuthi, “Kufanele sigeze inyawo kanye ngomnyaka, ngo—ngo Lwesine, langolwesihlanu kufanele sithathe isidlo,” lazozonke imfundiso ezechlukeneyo eze... Bayaphikisana ngokuthi lokhu kufanele kubelusuku *lolu* kumbe usuku *lolo*, kumbe loba kufanele kube lusuku lwesabatha kumbe usuku lokuqala lweviki; kumbe... Zonke izinto lezi zilisiko nje. Kungakunceda ngani konke kwakho, loba ube leLent kumbe ungela Lent, nxa kungela Mpilo kuwe? Kuyisikhumbuzo kuphela. Lokho, okungela lutho lokumelana lakho, kodwa ngeqiniso bagcinile amasiko abo, kodwa batshiya into eqakathekileyo.

<sup>30</sup> USathane akalandaba ukuthi ungumkhonzi onganani, kumbe uqonde okunganani eMfundisweni yakho. Nxa usilela leyoMpilo, kawusoze uvuke, lobakanjani. Kungelandaba lokuthi ungumkhozi okunganani, ulunge okunganani, mangaki

amabandla owake waba kiwo kumbe ozakuba kiwo, akulandaba lento eyodwa ngaphandle uzelwe kutsha.

<sup>31</sup> Ngakho-ke, nxa uNkulunkulu wavusa uJesu kwabafileyo, WaMvusela okwesikhumbuzo na? Futhi ngabe lokhu kusa kokuvuka kuyinto kuphela yo-yosuku olulodwa emnyakeni, kumbe usuku oluthile esigubha lokhu na? Kumbe, singabasizakalayo ngokuvuka Kwakhe? Kutsho ukuthini kimi? Kutsho ukuthini kuwe? Manje siyakhola, ngokholo, ukuthi Wavuka kwabafileyo, kodwa lokho kulokokwenzani ngami na? Lokho kwakuyiminyaka eyizinkulungwane ezimbili ezedluleyo.

Manje ukuthola isifundo lesi!

<sup>32</sup> Lapho ngidiniwe, ingalo yami ibuhlungu, ekuhlatshweni ijekiseni umongikazi angiphe khona. Ngoba, ngiyakuya phetsheya kolwandle manje, njengoba lisazi, ensukwini ezinlutshwana, futhi kumele ngihlatshwe ijekiseni, indodana lami. Futhi lekholera, iyellow fever, lezinto zonke, ngangikhathethele sibili, kungenza ngigule. Lokho, uKhesari ufuna ukuba uhlatshwe amajekiseni lawo ungakayi kwelinye ilizwe. Futhi Wathi, “Phana uKhesari okungokuka Khesari, kodwa-ke phana uNkulunkulu okungokuka Nkulunkulu.”

<sup>33</sup> Futhi lapho ngisahlezi lapho, ngiswela ukuba kuyini engingakukhuluma kulo umbuthano olindeleyo lokhu kusa; lokho engilokubonga kakhulu ngakho, futhi indoda labafazi abangabeka impilo yabo emzileni ngalokho ozakutsho. “Ngingakwenza njani? Kuyini okufanele ngikuthathe okwesifundo?”

<sup>34</sup> Futhi-ke lapho ngisahlezi lapho, sengiphose ngalala, umnyango wami wakhehlezela, phandle ohlangothini lwaphambi kwendlu. Kungela muntu owayelapho kodwa mina ngokwami, ngokwazi kwami. Ngalalela. Angizange ngikuthole kahle. Emva kjesikhatsana, umyango wekameloh langasensitha, lapho engingena ngisiya engitaditshela khona, lakhehleza, futhi omunye umuntu waqhube kaenyikinya umyango. Futhi nga-ngahamba emnyango futhi ngavula umnyango, futhi, ngokumangala kwami e-ehle, encinyane, inkazana elenwele ezilithanga, elamehlo aluhlaza okwesibhakabhaka yayimile lapho, ikhangeleka njengeluba lePhasika elincinyane; ehlezi lapha ingikhangle manje.

<sup>35</sup> Wanginika ikhadi. Futhi kwakuyi... Yebo, ngithemba lapho ngifika ngekhaya kuzakuba lamakhadi ePhasika, lokunjalo; kodwa lelo kuphela, kuyikuba ngisuka ngekhaya, engangilamukele. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, lokhu kuvela kubaba lakimi.” Wayefuna ukuba leqiniso ukuthi u “lakimi” wayekikho. Futhi ubaba wakhe olomkhuhlane wamatthambo, ehlezi esihlalweni esilamasondo, wayethumele lelikhadi. Lapho ngilithatha futhi ngabonga isithandwa

esincinyane, lapho etshibilika futhi esuka emnyango, ngavula ikhadi.

<sup>36</sup> Futhi esimweni salelikhadi ngathatha isifundo sami. Ngoba, ekhadini kwakunguMakho oNgewe 16:1 lo 2, ukuphuma kwelanga, ilanga laliphuma. Khona-ke ngacabanga ngalokho, futhi-ke isifundo soku “philiswa,” kukaJesu Khristu evuswa kwabafileyo, ngithatha isifundo sami.

<sup>37</sup> Manje, ilanga, ekuphumeni kwelanga. Awu, kwakulesikhathi lapho umhlaba owawuhlezi ebumnyameni obuyisigayegaye. Wawungela simo, futhi ungelalutho. Futhi wawumboziwe wonke ngamanzi, futhi uhlezi lapho ebumnyameni, kumnyama, umumo onyukubeleyo. Futhi uMoya kaNkulunkulu wahamba phezu kwalawo manzi, futhi wathi, “Makube khona ukukhanya.” UNkulunkulu wayelesizatho sokwenza lokho, ngoba kusehla ngaphansi kwamanzi lawo kwakulembewu Ayezihlanyelile, futhi kwakufanele kube lalokho kukhanya kwelanga ukuyenza iphile.

<sup>38</sup> Futhi ukuKhanya kokuqala okwake kwaphiya emhlabeni kwakuyiLizwi likaNkulunkulu elakhulunywayo. UkuKhanya kokuqala okwake kwatshaya umhlaba kwakuyiLizwi likaNkulunkulu elakhulunywayo. Wathi, “Makube lokukhanya,” futhi kwaba khona ukhanya. Lokho kwaphendula ubumnyama baba yikukhanya, ukuze kulethe indalo yentokozo lempilo phezu komhlaba. Khona-ke, uMoya kaNkulunkulu, lapho Uhamba ngothando lesihawu, kulolo suku olukhulu, usuku lokuqala lokusa Iwendalo phezu komhlaba; ilanga laphuma futhi lasabalala, insaba zalo, futhi lomisa amanzi emhlabeni, futhi lenza umumo ngaphezulu. Futhi, esikhathini salo sokuqala, kwakuyikuletha intokozo lempilo emhlabeni, ngembewu. Lelo kwakulihola elikhulu.

<sup>39</sup> Kodwa, o, kwakungasilutho, lokho kuphuma kwelanga, njengokuphuma kwelanga kulokho kusa kwePhasika. Lesi sikhathi, lelanga liphakamela ezibhakabhakeni, kwaletsha njalo ukuphuma kwelanga okukhulu kulo kwake kwabakhona; ngoba kwabuya indaba ezinkulu ngalokhu kuphuma kwelanga, ukwedlula okwakwenzayo ngokuphuma kwelanga ekuqaleni. Lokhu kuphuma kwelanga kwaletsha indaba, ukuthi, “Uvukile! Usephilisiwe kwabafileyo, njengoba Wathembisa. Uvukile kwabafileyo.”

<sup>40</sup> Isikhathi sokuqala ilanga liphuma, kuGenesi, laliletha umbiko ukuthi kuzakuba lempilo phezu komhlaba, impilo efayo.

<sup>41</sup> Kodwa kulesi sikhathi, lapho ilanga liphuma, kwaku lo—lokuphuma kwelanga okukabili; okunye, iNdodana, ivuka. Kwakuli...kungeyisilo kuphela i-l-a-n-g-a [NgeSilungu: sun—Mtoliki] liphuma, kwakuyi N-d-o-d-a-n-a [Son] isivukile ukuletha iMpilo elaPhakade kuyo yonke iMbewu kaNkulunkulu

ethenjisiwego ukuthi ngokwazi ngaphambili Wayeyibonile ilele phezu komhlaba.

<sup>42</sup> Yayingeke njalo i—impilo yezimila iphile emuva-le ekuqaleni kungela l-a-n-g-a ukuthi lizilethe ekuphileni; akwenzakali njalo, lamuhla, lapho amadodana kaNkulunkulu esemhlabeni, kuthatha ukuKhanya kweN-d-o-d-a-n-a ukubaletha ekuPhileni okulaPhakade, Abakhethiweyo bakhe Ayebazi ngaphambi kokusekelwa komhlaba. Wayebakhethile Kuye ngaphambi kokusekelwa komhlaba.

<sup>43</sup> Futhi ngokusa kwePhasika, khona-ke, kulumhlabathi kwenye indawo kwakulele imizimba yethu ngaleso sikhathi, ngoba siluthuli lomhlaba. Futhi eZulwini, kwakuleBhuku lesikhumbuzo, lezifanekiso Zakhe zaziKuye, esazi ukuthi ngoba liNdodana kaNkulunkulu yavuka, Yayizavusa njalo ekuPhileni yonke indodana eyayimiselwe ngaphambili kulesi isikhathi esikhulu. Wayekwazi ukuthi kuzakuba njalo. Futhi kwakuyikuphuma kwelanga okulenkaZimulo enkulu ukwedlula okwakuyiyo ekuqaliseni, ngesikhathi lapho kuqala ukusa.

Manje, kulokhu okukhulu ukuqhaqhwa koPhawu lwePhasika!

<sup>44</sup> Manje, lamuhla silomkhuhlane wofuba, uphawu lwePhasika. Abantu bathumela umbiko, omunye komunye, lokusekela lesisikhwama semali esikhulu kumbe uhlelo, ukwenzela odokotela lesayensi yemithi ukusebenza phezu kwenye into, ukuphungula kumbe ukuncedisa umkhuhlane wofuba. Baluphawu, lokho esikubiza ngokuthi uphawu lwePhasika, lapho sithumela umbiko omunye komunye. Kodwa lapho sisemukela umbiko, uphawu lolo luyadatshulwa, ngoba uphawu yilo oluvalele umbiko ngaphakathi.

<sup>45</sup> Futhi manje, uPhawu lwePhasika lweginiso, kulokhu ukuphuma kwelanga, lwadatshulwa; lemfihlakalo, yokuPhila emva kokufa, yembulwa. Singakafiki lesosikhathi, sasingakwazi. Umhlabu wabuthana ebunmyameni, waphumputha, ukucabangela komuntu. Imicabango eyayiphakathi kwenhliziyo yomuntu, isiko lenziwe. Abantu babekhonza izithombe. Babekhonza ilanga. Babekhonza yonke inhlobo yabonkulunkulu. Layo yonke inhlobo yabantu eyenza izitsho, bonke baya engcwaben, futhi bahlala engcwaben.

<sup>46</sup> Kodwa uPhawu oluqotho lwaseludatshuliwe, futhi Yena Lowo owake waphila njengoba siphila, wafa njengoba sizakufa, wavuka kwabafileyo. Yikusa ban! Akuzange kube khona okunjengakho, embalini yonke yomhlaba. Imfihlo yazakaliswa ukuthi Wayeyikonke ukuvuka lokuPhila.

<sup>47</sup> Futhi Wathi, lapho Ephuma kulokho kusa, “Ngoba Ngiphila, lani lizaphila.” Wayengayisiyo indlalifa kuphela yokuvuka, kodwa zonke lezo Mbewu ezaziphumule esithembisweni sikaNkulunkulu esikhulu yaba lokusizakala kwalokho kuvuka

ekuPhileni. Ngoba, Wathi, "Ngoba Ngiphila, lani lizaphila." Lokho kwaba yikudatshulwa koPhawu. Ngoba Wavuswa, kanjalo wonke umuntu okuKhristu uzavuswa kanye Laye.

<sup>48</sup> Kulokhu ukuphuma kwelanga okuyinkazimulo, uNkulunkulu ayekufakazele, kumbe wakuqinisa, iLizwi Lakhe. Konke ukunyukubala lokuthandabuza lokho okwakuhamba engqondweni zabantu kwasuswa, ngoba lapha wayeNguye Lowo owake waphila, wadla, wanatha, futhi wabalobudlelwano lomuntu, owathi, "Ngilamandla okubeka phansi impilo Yami; Ngilamandla okuyivusa njalo." Futhi manje Wayengakhulumanga kuphela isitsho, kodwa Wasifakaza ukuba liQiniso. O, yinto bani eyinkazimulo leyo!

<sup>49</sup> Ngiqinisekile lokhu kusa ukuthi loba lathi, esikukholwayo, asingeke siqedisise ukuthi yinkulu okunganani linto eyayiyikho. Ngoba Wavuka kwabafileyo, thina lathi sesivele savuka kwabafileyo, ngoba sasiKuye.

<sup>50</sup> Nanzelela manje. Lapho ubumnyama bumboza umhlaba, futhi lenhlanyelo zazingenelisi ukuphila kungela kuphuma kwe l-a-n-g-a, futhi ubumnyama basebumboze umhlaba. Futhi manje iN-d-o-d-a-n-a yayivukile, futhi bonke ubumnyama banyamalaliswa yikuKhanya lokhu, lapho kusabalala phezu kwezizwe, kusiya ebantwini, ukuthi, "Akakho lapha, kodwa Uvukile!" Yi—yi sitsho bani! Wayefakazele iLizwi Lakhe. Wayekufakazile ukuba Yikho, ukuba liqiniso, ngoba Wayesenqobe ukufa manje, isihogo, lengcwaba.

<sup>51</sup> Ubuthathu bukadeveli; ukufa, isihogo, lengcwaba; ngoba uSathane unguMsunguli wokufa, umnikazi wesihogo, lengcwaba njalo. Futhi lobo babuyibuthathu bukaSathane, bubangelwe yinto eyodwa, lokho kwakuyikufa. Ukufa, uyahamba engcwabeni; futhi uyisoni, uyahamba esihogweni. Konke kuyinto eyodwa uqobo, ubuthathu bukaSathane, okwakuyikufa. Lokho kwakubambe umuntu ekuthunjweni iminyaka yonke leyi.

<sup>52</sup> Kodwa manje ubuthathu beqiniso bukaNkulunkulu, esiba yiLowo obonakaliswa kuKhristu, OwayeyikuPhila, futhi wayeqhaqhe iMpawu futhi wanqoba isitha, futhi wavuka, uNkulunkulu oyedwa weqiniso lophilayo. "Nginguye Owayefile, futhi ngiyaphila kuze kube nini lanini, futhi ngilezihluthulelo zokufa lesihogo." UNkulunkulu, koYedwa, wenziwa waba nguMuntu, futhi wahlala phakathi kwethu, futhi wanqoba sonke isitha. Futhi wafakaza ukuthi ubuthathu bukaSathane banqotshwa, lokuthi ubuthathu bukaNkulunkulu benziwa bazakala, ngoba uNkulunkulu kuphela wayelamandla okubuyisa iMpilo njalo. Waye ngulowo Emanuweli. UNkulunkulu wayebonakalisiwe enyameni.

<sup>53</sup> Akumangalisi Wayengatsho lapho, uMathewu isahluko 27, "Wonke amandla eZulwini lasemhlabeni aphiwe esandleni

Sami. Ngiyalithuma ukuba ngabafakazi Bami, emhlabeni wonke.” Wayesenqobe konke ukufa, isihogo, lengcwaba. Akusikho ukuthi Wenza lokho kuphela; futhi waphuma, enqobile, elamandla wonke emaZulwini lasemhlabeni. Konke lokho okwakunguBaba, konke lokho okwakunguMoya oNgcwele, lakanke okwakukhona, kwakuKuye. “Amandla wonke eZulwini lasemhlabeni aphiwe Kimi.” Okunye konke akulamandla. Wayesekunqobile.

<sup>54</sup> Manje! Futhi-ke, hatshi lokho kuphela, Wathumela iLizwi kubafundi Bakhe, abakhholwayo Bakhe. “Lingesabi, ngoba Nginguye owayefile, futhi ngiyaphila njalo kuze kube nini lanini. Njalo ngilezihluthulelo zokufa lesihogo; sengivele ngakunqoba khona. Lingesabi njalo futhi, ngoba yonke eyamiselwa ngaphambili, iMbewu kaNkulunkulu emiselwe ngaphambili izabuya ekuPhileni lapho lokho kuKhanya kusabalala emhlabeni, okweVangeli eliyinkazimulo. Esikhathini sonke, kuzaletha isilimo uNkulunkulu asimisela ukuthi sikwenze.” Wayesevuke kwabafileyo.

<sup>55</sup> O, kuyinto bani emangalisayo leyo, “Ngiyaphila, kumbe ngiphilisiwe.” Ibara litsho, ibala *ukuphiliswa*, ibala lesiGriki litsho ukuthi into “enziwe yaphila emva kokufa.”

<sup>56</sup> Njenge—ngembewu eya emhlabathini, kufanele ife, ingxenye yonke yembewu. Kufanele ibole, ingxenye yonke yembewu. Futhi ingxenye yonke yempilo, eyayisembewini, kufanele iphume njalo.

<sup>57</sup> Yena wa “philiswa.” Hatshi lokho kuphela. “Futhi ngizathumela iMpilo efanayo eyaNgiphilisayo, Amandla Angikhupha engcwabenai, NgizaWathumela phezu kwenu, ukuliphilisa, ukuthi lapho eNgikhona lizakuba khona lani.”

<sup>58</sup> KuLuka, isahluko 24, indima 49. Wathi, “Khangelani, ngithumela isithembiso sikaBaba phezu kwenu; kodwa hhalani, kumbe lindani, edolobheni laseJerusalem, lize ligewaliswe ngaMandla avela Phezulu.” Ukutshengisa ukuthi akazange Adonse kuphela inzupo phandle kwakho, kodwa Wabela lezo nzuzo.

<sup>59</sup> Weza ukuzohlenga, kumbe ukuletha ekuPhileni, lezo Mbewu ezamiselwa ngaphambili uNkulunkulu azibona ngaphambi kokusekelwa komhlaba futhi wabeka amabizo abo eBhukwini lokuPhila. Futhi nanzi lapha emhlabeni, zingela themba; Akabuyanga kuphela ukuba yiSibusiso, kodwa ukwabela iSibusiso layo yonke iMbewu emiselwe ngaphambili. Manje, nxa iMbewu yayingekho emhlabeni, yayingeke iphile. Yayifanele ibe semhlabeni, futhi njalo iphiwe amandla okumila. Kungela ndaba ukuthi igcinwe isikhathi eside kangakanani ebunyameni, izaphuma lapho iN-d-o-d-a-n-a ikhanyisa phezu kwayo. Nanzelela manje, Weza ukuba Abelane lathi.

<sup>60</sup> Akungamangalisi iVangeli lizindaba ezinhle. Ibala uqobo *Vangeli* litsho “izindaba ezinhle.” Izindaba ezinhle, ini? Nxa umuntu wafa ngenxa yethu, lezo zindaba ezinhle. Nxa uKhristu wazalwa, lezo zindaba ezinhle. Kodwa akula indaba, akukaze kubelendaba ezinjengalezi indaba, ukuthi, Lo Owenza isithembiso usiqinisile isithembiso, ukuthi, “Uyaphila kuze kube nini lanini, futhi ulezihluthulelo zakho konke ukufa lesihogo, esandleni Sakhe.” Ukunyukubala konke kwanyikinyelwa kude. Kwakungasela kunyukubala okungaphinda kubonakale, ngoba iNdodana yayisivukile engewabeni. Kwakungela, “Awu, Uzabuya, kumbe Engabuya.” Wayesevele esebuyile, iVangeli, indaba ezinhle!

<sup>61</sup> Nenzelela, wona kanye uMbiko weVangeli, Ngokwawo, yikufakaza ebantwini ukuthi Uvukile. “Hamba uyetshela abafundi Bami ukuthi Ngivukile kwabafileyo, futhi Ngizahlangana labo, ukuqinisa lokhu kubo.” O Nkulunkulu, kanjani kulolusuku lokucina kuzakuba lokuKhanya njalo emhlabeni wonke! “Futhi ngizakufakaza kubafundi Bami! Hambani liyebatshela ukuthi angifanga, futhi kangisilo siko, kodwa nginguKhristu ophilayo. Ngizahlangana labo. Hambisan luMbiko kubafundi Bami, ukuthi ngivukile kwabafileyo,” iVangeli, indaba ezinhle.

Wena uthi, “Kunjalo na?”

<sup>62</sup> AmaHebheru 13:8 athi, “Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” Thina, esiyizindlalifa Zakhe, siyafakaza iMpilo Yakhe ingaphakathi kwethu manje, izindlalifa zaliMpilo. IMpilo, akukaze kube lempilo eyaphilwa njengayo; Waye yiNdodana kaNkulunkulu. Futhi Wafa, futhi lokho kwakuvala phandle; kodwa lapho Evuka njalo kwabafileyo, ngokusa kwePhasika, khona-ke thina, njengezincke Zakhe, sithunywe Nguye ukuhamba emhlabeni wonke futhi lokuletha lezizindaba ezinhle emuntwini wonke, ukuthi Uyaphila. Futhi singakwenza njani ngeLizwi kuphela? Ngoba kulotshiwe, “IVangeli kalibuyanga ngeLizwi kuphela, kodwa ngamandla lokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, ukufakaza ukuthi Uyaphila.”

<sup>63</sup> Manje, nxa kulelinye iVangeli, njengoba uPhawuli wakhulumu kuelinye lamaqembu, “Ngimangele sibili ukuthi liphendukele kwelinye ivangeli.” Okungela elinye, kodwa ivangeli lokuzenza okholwayo, kusiya kunganekwane yenhangano yesonto, bephambuka kulezondaba ezinhle.

<sup>64</sup> “Futhi ngoba Ngiphila, liyaphila lani. Futhi Ngiphila kini, futhi imisebenzi eNgiyenzayo,” uJohane 14:12, “imisebenzi eNgiyenzayo izaNgibonakalisa kini.” Ngumbiko bani! Akumangalisi, sibe lomhlaba omnyama wesayensi yezenkolo, kodwa gesikhathi santambama kuzakuza ukuKhanya njalo.

Kuzakuba lokuvuka ngesikhathi santambama. Kuzakuba yikuKhanya ngesikhathi santambama.

<sup>65</sup> Manje, isiqokoqela sibili soMbiko owathunyezwayo, ukuthi, "Uvukile kwabafileyo," thina izindlalifa Zakhe, thina esabelana ukuvuka kanye Laye, sithola inzuko kulokhu, ngokufakazela umhlaba ukuthi Uyaphila. Asingeke sikwenze ngelinye isiko lomuntu. Sikhanyisa kuphela lokho esikhombela kukho.

<sup>66</sup> Ngiyesaba lamuhla ukuthi inengi lethu asilethi abantu kuKhristu. Sibangenisa ebandleni, emicabangweni. Kodwa kumele sibangenise kuKhristu. Unguye Yedwa kuphela, futhi Lowo kuphela oleMpilo. "Lowo oleNdodana ulokuPhila."

<sup>67</sup> Futhi nxa impilo yomuntu ofileyo ingatshengiselwa kuwe, uzaphila impilo efanayo ayiphilayo.

<sup>68</sup> Nxa igazi lomuntu laliluhlobo oluthile, futhi wathatha igazi livela emuntwini oyedwa futhi waguqula igazi lalowo muntu oyedwa lisiya komunye, uzakuba impela lolohlobo lwalelogazi.

<sup>69</sup> Futhi nxa umoya wakho okuwe ubalwa ukuthi ufile, futhi ugcotshiwe ngeMpilo eyayikuKhristu, iphezu kwakho! AbaseRoma 8:11 bathi, "Uba uMoya owavusa uKhristu kwabafileyo, uhlala kini, Uzakuphilisa njalo imizimba yenu efayo," leyoMpilo efanayo, wona amandla afanayo, leyo nzuko efanayo, ayelazo lapha emhlabeni, kuNkulunkulu. Wakuhlenga, iMbewu eyaziwa ngaphambili nguNkulunkulu, amabizo abo abekwa eBhukwini lokuPhila leWundlu ngaphambili kokusekelwa komhlaba.

<sup>70</sup> Futhi lokho kuKhanya kweVangeli kokuvuka, ukuqiniswa kweLizwi! Saba kwazi njani ukuthi Waye nguKhristu na? Ngoba Wafakaza lokho Akhulumma ngakho. Ngizakuba wazi njani uMbiko wehola na? UNkulunkulu uyafakaza lokho Akuthembisayo, futhi Ukhulumma ngakho. Leso yiso isibonakaliso, sokuthi siyizindlalifa kanye Laye ekuvukeni. Uyafakaza lokho Akhulume ngakho.

<sup>71</sup> Lokho Athembisa ukukwenza kuKhristu, Wakufakaza ekuvukeni. Lokho Athembisa ukukwenza ensukwini zikaMose, Wakufakaza. Lokho Akuthembisayo ensukwini zikaEnoki, Wakufakaza. Ensukwini zonke zabapostoli, Wakufakaza.

<sup>72</sup> Manje kulolu usuku, Uyafakaza lokho Akutshoyo, ngoba bayingxenye yaleyoMbewu leyo eyayimelwe eBhukwini lokuPhila Abuya ukuzoyihlenga ayibuyisele kuNkulunkulu njalo. O, nguMbiko bani!

<sup>73</sup> Ngokusa kwePhasika, Akavukanga kuphela, kodwa izindlalifa Zakhe zavuka kanye Laye. Yena... BabekuKhristu ekubethelweni Kwakhe. Babe Kuye ekuvukeni Kwakhe. Siyizindlalifa Zakhe, siphilisiwe emva kokuba sesifile ebumnyameni.

<sup>74</sup> Umhlabo omnyama wokungakholwa, lapho amabandla lenhlanganiso zamasonto, lokunjalo kwasekusikhuphele phandle. Futhi kulenye into phakathi kwethu ebizayo, “O, sifuna uNkulunkulu! Silambele lokuwomela uNkulunkulu.” Sajoyina iMethodisti, Baptisti, iPhentekhostali, amaPresbyterian, futhi lani okunye, futhi kwakulokhu kuselento embi, sasingenelisi nje ukuYithola lapho. Futhi kungananjelelwe, lapho siphumputha ebumnyameni, ukuvuka okukhulu kweza kithi ekubonakalisweni kweLizwi elathenjiswayo likaNkulunkulu.

<sup>75</sup> Njengalokhu, Wayeyikubonakaliswa kweLizwi elathenjiswayo likaNkulunkulu. “Kangiyi kutshiya umphefumulo Wakhe esihogweni, njalo angisoze ngivumele ONgcwele Wami ukubona ukubola.” WakuBonakalisa, iLizwi lonke likaNkulunkulu elathenjiswa Kuye. Wakufakaza lapho Evuka ngokusa kwePhasika.

<sup>76</sup> Manje, labo ababekade bephumputha ebumnyameni futhi bengazi lutho ngalapho, uba kufanele bageze inyawo kulolusuku, kumbe nxo kufanele bagcine usuku oluthile, kumbe benze uhlobo lwemithetho emiyo, izinto zonke lezo zedlula. Ngoba, kwakulokuvuka okuyinkazimulo okweyisa into yonke enziwe ngumuntu leyo umuntu ake wayenza, konke ukucabangisisa okwenziwe ngumuntu.

<sup>77</sup> Kwakungakaze kube khona, kuze cube yilesu sikhathi, umuntu owayengabeka impilo yakhe phansi futhi ayiphakamise njalo. Weyisa lobo bufakazi besayensi ababelabo, ngokuvuka njalo.

<sup>78</sup> Lapho besithi, ukuthi, “UJesu Khristu kafani izolo, lamuhla, lanininini,” ukuthi, “aMandla Akhe akafani,” ukuthi, “iVangeli Lakhe kalifani,” lapho iBhayibhili lisithi kuyafana! UNkulunkulu weyisa yonke inhlanganiso yesonto, imvuma nkolo yonke, futhi Waqhubeka phambili ngoMoya oNgcwele Wakhe, njengokuthembisa Akwenzayo, futhi wakufakaza kithi, ukuthi Uyaphila.

<sup>79</sup> Siyizindlalifa zokuvuka Kwakhe, siphilisiwe emva kokufa emhlabeni, esonweni laseziphambekweni. “Usiphilisile kanye Laye, savuka kanye Laye, manje sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKhristu Jesu.” Ukuletha Kwakhe . . .

<sup>80</sup> UMoya Wakhe uletha iMpilo Yakhe efanayo njalo emhlabeni. “Nxo uMoya kaNkulunkulu, owavusa uKhristu,” umzimba, umzimba ogcotshiwego; nxo uMoya kaNkulunkulu wagcoba lowo mzimba ngendlela yokuthi, lapho iMbewu leyo iwela emhlabathini, Wayengamvumeli nje aphumule lapho. Hatshi. Wamphilisa futhi Wamvusa. “Lowo Moya ofanayo,” ngemisebenzi efanayo, ngaMandla afanayo, ngezibonakaliso ezifanayo, “ube kini, Uzakulivusa lani njalo.”

<sup>81</sup> Ngizathanda ukulibalela uMbhalo omncinyane lapha. Ngizathanda ukuthi livule komunye uMbhalo engiwubhale

phansi lapha. Ungalincreda kancinyane. Utholakala eBhukwini likaLevitikusi, isahluko 23, indima 9 kusiya ku 11. Lalelisisani. Emthethweni, umthetho wobuLevi, uNkulunkulu ekhuluma kuMose. Lalelani. Zonke izinto lezi yimifanekiso manje, futhi sizakuma lapha okwesikhatsana esincane ukungena kulumfanekiso.

*Futhi iNkosi yakhuluma kuMose, isithi,*

*Khuluma kubantwana bakoIsrayeli, futhi uthi kubo,*  
*Lapho li...fika elizweni eNgilinika lona, . . .*

<sup>82</sup> “Endaweni, isikhundla, engilinike sona. Manje khuluma kubantwana bakoIsrayeli, ukuthi lapho lingena endaweni leyi ethile engilithembise yona ukuthi ngizalisa kuyo, lapho lingena lapho elizweni leli.” Manje ekhuluma ngokwemvelo lapha, efanekisa okukamoya.

*...futhi livune isivuno salo (selamukela lokho engalitshela khona), khona-ke lizaletha isithungo sezithelo zokuqala zesivuno senu kumpristi:*

*Futhi azunguze isithungo phambi kweNkosi ukuze lemukeleke: ngosuku olulandelayo emva kwesabatha umpristi uzasizinguza.*

<sup>83</sup> Nxa kungaba khona isiko elingcwele, kumele kuphume ngosuku lwesabatha, okwakulusuku lwesikhombisa lweviki, olunguMgqibelo. Kodwa linanzelele yini, kulesi isikhumbuzo, ukusizinguza ngosuku lokuqala lweviki?

<sup>84</sup> “Isithungo, okwaku ngokokuqala kwembewu yakho owayihlanyelayo, nxa kuphuma futhi sokuvuthiwe, uyaquma lesisithungo futhi usihambise kumpristi. Futhi makasithathe futhi akuzunguze phambi kweNkosi, kube yikwemukelwa kwenu, ukuthi lemukelwe. Uze lesithungo sakho, futhi uyakusizinguza phambi kweNkosi, ngo...”

<sup>85</sup> Hatshi ngesabatha, usuku lwesikhombisa; kodwa ngosuku lokuqala, esilubiza iSonto, iS-o-n-t-o.

<sup>86</sup> Yebo, lelo li-libala lesiRoma, ababelibiza usuku lwelanga okukankulunkulu olilanga. Kodwa ukuthi sekuguquke kanjani!

<sup>87</sup> Akuseyilo il-a-n-g-a njalo futhi. Kulu S-u-k-u- lwe N-d-o-d-a-n-a, usuku lweNdodana, ukuthi lolo hlamu lweNgqoloyi (Owokuqala kaNkulunkulu ukuvuka kwabafleyo) uzakuzunguzwa phezu kwebandla, ukuthi siyiMbewu Yakhe; futhi lokho yikho okokuqala kweMbewu yalabo abalalayo, yazunguzwa osukwini lokuqala lweviki. Ngesonto, Wavuka. Wazunguza lisale kahle, futhi wenyukela Phezulu, phambi kwabantu.

<sup>88</sup> Nanzelela, kwakuluhlamvu lokuqala lweNgqoloyi kaNkulunkulu eyayivusiwe kwabafleyo, uhlamu lokuqala lweNgqoloyi kaNkulunkulu. NgaMandla kaNkulunkulu aphilisayo, uNkulunkulu wayephilise impilo Yakhe, Wamvusa

kwabafileyo, futhi Wayeyizithelo zokuQala zalabo abalalayo, isithelo sokuQala. Wayeyilesi siThungo.

<sup>89</sup> Yikho kwakufanele bazunguze leso isithungo, ngoba kwakungesokuqala ukuvuthwa. Futhi sazunguzwa njengesikhumbuzo sokubonga kuNkulunkulu, sikholwa ukuthi abanye babo bonke bazakuza. Kwakuyisibonakaliso.

<sup>90</sup> Futhi, lamuhla, ngoba WayeyiNdodana yokuqala kaNkulunkulu ukuvuthwa ngokugcweleyo, ukuba kuNkulunkulu, Wasitshulwa emhlabeni futhi uyazunguzwa ebantwini. O, kuyisifundo bani esilenkazimulo! NgaMandla aphilisayo, Owokuqala! Lanxa, Waye—Wayefanekisiwe; lezikhathi ezinengi, njengokuba sizakubona mbayimbayi, ukuthi Wayefanekisiwe. Kodwa lesi kwakuyiso sibili isithelo sokuQala salabo ababelele. Wazunguzwa phezu kweMbewu eyathenjiswayo eyayilesithembiso seMpilo.

<sup>91</sup> Wazunguzwa ngoSuku lwePhentekhosti, “lapho okweza umsindo uvela eZulwini njengokuzunguza, umoya olamandla ovunguzayo,” futhi wazunguzwa phezu kwabantu, abantu bephentekhosti ababephezulu ePhentekhosti, belindele iSibusiso ukuthi sibuye.

<sup>92</sup> Futhi ukuze sizunguzwe njalo, siyananzelela, osukwini lokucina, mayelana ngoLuka 17:30, osukwini lweNdodana njalo, “ngosuku lapho i N-d-o-d-a-n-a yomuntu izakwembulwa,” kumbe izunguzwe njalo phezu kwabantu.

<sup>93</sup> Manje, Ngubani iNdodana yomuntu? “Ekuqaleni kwakukhona iLizwi, futhi iLizwi laliloNkulunkulu, futhi iLizwi lalinguNkulunkulu. Futhi iLizwi lenziwa laba yinyama, futhi lahlala phakathi kwethu.” Futhi nxa yonke imfundiso esilayo, lesiqiniseko seLizwi likaNkulunkulu; ngeLizwi likaNkulunkulu, ngezibonakaliso, ngezimangaliso, siyabona lamuhla, ukuthi eBhukwini lika—likaLuka lapha, ukuthi lapho esicaphune khona, kumbe u—uLuka isahluko 17 lendima 30; loMalakhi 4, leMibhalo ehlukeneyo esijwayelane layo, ukuthi leloLizwi njalo lizunguziwe phezu kwabantu, ukuthi amasiko abantu afileyo afile, futhi iNdodana kaNkulunkulu iyaphila njalo ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele khona phakathi kwethu, futhi usinika iMpilo.

<sup>94</sup> Njenga lokho uKhristu waye Ngowokuqala ukuvuka, kubo bonke abaprofethi, lokunjalo; lanxa efanakiswe endaweni ezinengi, Wayeyizithelo zokuQala zalabo ababelele. KuMlobokazi, ukubuya kukaKhristu, ukuphuma phakathi kwebandla, kuzamele kube lesiThungo sizunguzwa njalo ezinsukwini zokucina. O, minabo!

<sup>95</sup> Ukuzunguzwa kwesithungo! Sasiyini isithungo na? Esokuqala ukuvuthwa, esokuqala ukufakaza ukuthi siyingqoloyi, esafakaza ukuthi sasiyisithungo.

<sup>96</sup> Haleluya! Ngileqiniso liyabona lokho engikhuluma ngakho. Sazunguzwa phezu kwabantu. Futhi isikhathi sokuqala lapho kuzaphuma, ngesikhathi soMlobokazi, ngokuvuka phandle kwenhlanganiso yesonto emnyama, kuzakuba nguMbiko, ukuthi ukuvuthwa okugcweleyo kweLizwi sekuphendukile njalo eMandleni Alo agcweleyo, futhi lizunguzwa phezu kwabantu, ngezibonakaliso ezifanayo lezimangaliso Azenzayo ngemuva-le.

<sup>97</sup> “Ngoba ngiphila, lani liyaphila,” ekhuluma kuMkaKhe. “Ngoba Ngiphila, lani liyaphila.” Kuyikuvuka bani okwakuyikho lokho! Futhi kuyikuvuka bani lokhu, ukuphiliswa kwabafleyo, “ukwenziwa uphile kuKhristu Jesu,” ngaMandla kaNkulunkulu aphilisayo.

<sup>98</sup> Wayezunguzwa kubo. ILizwi, Ayeyilo, lazunguzwa ngakubo njalo oSukwini lwePhentekhosti, iLizwi libonakalisiwe. Manje, futhi ngithi, lizazunguzwa njalo osukwini lokucina. Manje, okwesibonelo...

<sup>99</sup> Uthi, “Awu, manje, mana okomzuzu, Mfowethu Branham. Ngiyalazi ibandla ukuthi...” Awu, ngiyakwenza, lami. Bona?

<sup>100</sup> Kodwa manje, okwesibonelo, pho aluba—aluba siyakubuyela emuva eTucson limini, manje, lamunye wethu ele... wayezakuhamba nge—ngenkulu iCadillac, entsha? Futhi zonke izihlalo zazenziwe nge—ngesikhumba sediye, isikhumba esibuthakathaka kulazo zonke, sibuthakathaka futhi silula ukuhlala kuso; futhi amapulanka aphansi ayekhang; isidirayiva sasihlotshiswe ngenikeli lilezikopela zendayimana ndawo yonke; futhi i-injini yayihlolwe ngemitshina ukuba yiyo yona kanye injini; futhi amavili aye...konke kwakulamabheringi futhi kugcotshwe igiris; futhi amavili ayevikelwe ukuba angapontshi lokudubuka; futhi konke kuhlolive ngokwezesayensi.

<sup>101</sup> Zikhutshwe lapho okulungiselwa khona, zombili, futhi zonke zombili zigewaliswe ngephethulo. Lawo ngamandla okugijimisa, iphethulo, ngoba kuyo kukhona i-octane. Kodwa manje lapho uzakuzivusa, loba zonke zifanana, kodwa kulenyne yazo engelanhlansi, ingela mandla okulumathisa.

<sup>102</sup> “Awu,” uthi, “amandla akuphethulo, Mfowethu Branham.” Kodwa angilandaba ukuthi kulamandla angakanani phakathi kwephethulo; ngaphandle kulenhlansi lapho ukubonakalisa lawo mandla, ngaphandle kulamandla lapho ukuqinisa ukuthi leyo yiphethulo, kungabangcono nje kube ngamanzi. Kuze kuthi...

<sup>103</sup> Akulandaba ukuthi izazi zenkolo zitsho okunganani, ukuthi libekwe lihlelwe okunganani ibandla lakho, ulemfundu enganani, ulithanda kangakanani iBhayibhili; kuze kuthi lokho kuzunguzwa kwesiThungo, kuze kuthi uMoya oNgewe abuye phezu kwalowo muntu ukuphilisa leloLizwi! Iphethulo imela iLizwi. KuliQiniso; kodwa, kungela Moya, Ayingeke ihambe.

<sup>104</sup> Sigezelele kakhulu phezu kokuHlela futhi kungela lutho ngaMandla okuhambisa. Kudinga aMandla okuhambisa kaNkulunkulu, Amandla okuvuka kukaJesu Khristu phezu kweBandla, ukubonakalisa lokugewalisa ukuthi *Lokhu* yiphethulo. Kungaba segabheni lephethulo; kungabe kulokhu kungamanzi, bona. Kodwa ubufakazi bakho kuphela, yilobu, beka liMpilo kukho, futhi kuzaFakaza loba yiphethulo kumbe hatshi.

<sup>105</sup> Futhi lapho uzama ukubeka uMoya oNgcwele enhlanganisweni yesonto, uyafana nje lokuzama... Ungathola ukudubuka dubuka; uzawona injini yakho, ngokuyenza igcwale ikhabhoni.

<sup>106</sup> Kodwa, o, ngiyathokoza kakhulu ukuthi kulenkulungwane ezilitshumi zaMandla e-octane, iLizwi likaNkulunkulu loMoya oNgcwele ukulilumathisa, futhi lokuvusa aMandla kaNkulunkulu empilweni yendoda, kumbe impilo yomfazi, kumbe ebandleni. Lokho okwahambisa leyo Cadillac phansi emgwaqwensi ngalena, ngaphansi kwaMandla alamandla kaMoya oNgcwele aphendukayo futhi azunguzwa ebantwini ngosuku lwePhentekhosti, kumenza Yena ofanayo izolo, lamuhla, lanininini.

<sup>107</sup> KwakulesiThungo sokuqala esabuya sivela kubaprofethi bonke, okwakuyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi yabaprofethi bonke.

<sup>108</sup> Kwabakhona amabandla, amabandla, omlobokazi, omlobokazi, amabandla, omlobokazi, omlobokazi.

<sup>109</sup> Kodwa kufanele kubuye Oyedwa! Haleluya! Kufanele kubuye uMlobokazi oqotho! Kumele kubuye Oyedwa ongela kuphela uHlelo, kodwa aMandla okuhambisa Akho, kwenza iBandla lelo liphile, lihambe ngaMandla okuvuka Kwakhe. Size sibuye kuleyo ndawo, size sithole leyo ndawo, kuncedani ukupolisha amavili? Kuncedani ukwenza umsebenzi wokuthi uyintshintshe ukukhangeleka kumbe umsebenzi wokuyipholisha, lapho kungela Mandla okuhambisa phakathi kwayo? Kungelani lokuthi ukuHlela kufakaza ukuba kuqondile, kufanele kube laMandla okuhambisa ukukwenza Kusebenze.

<sup>110</sup> Yikho lokho Akufakazayo! Haleluya! Yikho lokho iPhasika eyakufakazayo. Wayengayisilo iLizwi kuphela, kodwa WayenguNkulunkulu Ngokwakhe, aMandla okuhambisa, eLizwini. Lokho kwenza umzimba kaJesu Khristu (oqandayo, owomileyo, futhi ufile, engcwaben) unyikinyeke ekuPhileni futhi uvuke njalo, futhi wagiqela khatshana ilitshe. "NgiNguye owayefile," wafa ilanga laze lathi Ufile, inyanga yathi Ufile, inkanyezi zathi Ufile. Imvelo yonke yathi Ufile. Futhi manje umhlaba wonke kumele unanzelele ukuthi Uyaphila njalo. Wayengasilo Hlelo kuphela, iLizwi likaNkulunkulu, WayengaMandla okuhambisa ukuKufakaza.

<sup>111</sup> Futhi lapho Yena, enguMyeni, uMlobokazi ufanele aphume, ngoba Kuyingxene Yakhe. Futhi Kungaba kuphela ukubonakaliswa kuphela kokugcwala kwezambulo zonke loba yibaphi abanye bonke abakhulumo ngoMlobokazi; Kungabonakalisa kuphela. Nxa kusenza enye into ehlukene lokuvela kuMyeni, akusikho uMlobokazi. Ngoba, Uyinyama yenyama Yakhe, ithambo lethambo Lakhe; iMpilo yeMpilo Yakhe, aMandla aMandla Akhe! UnguYe! Njengendoda lomfazi bemunye, lomfazi ekhutshwe ohlangothini lwakhe; Wayethethe uMoya, uMoya wesifazane, uvela Kuye. Inyama evela ohlangothini Lwakhe, yenza kokubili ukuHlelwa laMandla okuhambisa, uMfazi. UMoya Wakhe, lenyama Yakhe, futhi ukubeke ndawonye, futhi wenza ukuHlelwa laMandla okuhambisa. Kuze kuthi ibandla kumbe abantu...

<sup>112</sup> Yonke limvundla yePhasika, imikhosi, lamabandla amakhulu, lokobunono obukhulu, kuzehluleka futhi kwedlule.

<sup>113</sup> Kuze kuthi leloBandla libe konke Amandla okuhambisa lokuHlelwa; loMoya kaNkulunkulu, owaMhambisayo, ukwenza izinto Azenzayo! Nxa Watshaya phezu kwamasilinda alitshumi lesithupha, uyakwenza njalo uMlobokazi. Amen! Ngoba Wathi, kuJohane 14:12, “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi engiyenzayo laye uzakuyenza. Ngizamnika ukubaselwa kwaMandla Ami okuhambisa, kokwakhe ukuHlelwa, lokho umhlaba ongasoze wenelise ukukumela; futhi ngizamvusa njalo ngosuku lokucina.” Yiwo uMbiko wePhasika, Amandla okuhambisa lokuHlelwa, ndawonye! UkuHlelwa kungela Mandla okuhambisa, akusizi; njalo Amandla okuhambisa, kungela kuHlelwa.

<sup>114</sup> Ungaklabalala futhi umemeze, futhi weqe phezulu laphansi, konke ofuna ukukwenza, futhi uyale leliLizwi, akusoze kusize lutho. Uyakirenka nje a—amaphistoni e... Ulenhlansi lapho yokuvusa, kodwa akula phethulo okuvusa ngayo.

<sup>115</sup> Kuzasebenza kuphela lapho kusiza ndawonye. Amen! Ngakho, elinye lizahlala lithule, leLinye liyakhwela phezulu. Yiyo into kuphela ekukho. Kukanti, konke kokubili kungakhangeleka kufanana, bobabili bazitsho ukuba ngamabandla, bobabili bazitsho ukuba nguMlobokazi. Kodwa oMunye ulokuHlelwa laMandla okuhambisa, Kuyakwenza kugewaliseke okwalokho Akutshoyo ukuthi kuliQiniso.

<sup>116</sup> Akusoze kuhambe nje, kungelandaba ukuthi ukuHlelwa kuhle okunganani, kuze kuthi Amandla okuhambisa abuye. Lapho aMandla okuhambisa ebuya, uMilo lowo wenziwe ukuxhumana kanye le-octane kuphethulo. Futhi nxa Lokho kudubuka, kubangela ukutsha, lokutsha lokho kuyahambisa konke okuhambayo, ukuhamba konke, ngoba Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Lokho yikuvuka. Lawo ngaMandla kaNkulunkulu aqotho, UkuHlelwa laMandla okuhambisa. Nanzelela, “KunguMoya ophilisayo.” Kuyi—kuyiNhlansi

elumathisayo. Akusyo phethulo elumathisayo; yiNhlansi elumathisa iphethulo. Bona?

